

A blue-tinted image of Earth from space, showing a bright light source (likely the sun) shining down on the planet, creating a lens flare effect. The image is framed by a white border.

***Kuzokwenzakalani
Emva
Kokufa Na?***

Indoda ethile yayihlala ilila. Ingane yayo yashona, kodwa wayengazi ukuthi kokwenzakalani enganeni. Wayengenalo ithemba. Abantu babemangele ukubona indoda ikhala kanje, ingoba inhliziyo yayo yayibuhlungu. Wayesaba ukufa. Abanye bamtshela ngokufa, kodwa kuzokwenzakalani enganeni yakhe? Kuzokwenzakalani kuye emva kokufa? Uma ubuza, ukuthi kuzokwenzakalani emva kokufa, abantu abaningi bathi abazi.

Izindaba ezinhle ukuthi kukhona uMdali onikeza impilo kithina sonke. Uyazi ukuthi kuzokwenzakalani emva kokufa? Wasinika izwi lakhe ukusikhombisa ukuthi kufuneka siphile kanjani, futhi ukusikhombisa ukuthi kuzokwenzakalani emva kokufa. IBhayibheli liyasitshela ngokufa.

UMA UFA NGAPHANDLE KWENTETHELELO UZOJEZISWA.

Isambulo 21:8 lithi, “...bonke abaqamba amanga, isabelo sabo siyakuba-sechibini elivutha umlilo nesibabule, okungukufa kwesibili.” Kufanele ukuba thina sonke siye echibini lomlilo, ngoba sonke sonile. Uma ufa ngaphandle kokuphenduka nokuthola intethelelo kaNkulunkulu uzoya ngqo esihogweni.

UJEHOVA WENZA INDLELA YENSINDISO.

UNKulunkulu akafuni ukukuyisa echibini lomlilo. Wenza indlela yokukusindisa. Indodana yakhe uJesu Kristu washiya izulu weza emhlabeni. Kwakunguye yedwa owayephila ngaphandle kwesono. Kepha ekugcineni

abantu bambethela esiphambanweni wafa. UPilatu, owayeyijaji ecaleni likaJesu wathi, “*Angifumani-cala kulomuntu.*” (NgokukaLuka 23:4) Noma kanjani wayesaba isixuku, wavuma ukubulala uJesu. uJesu wafa wanikela ngegazi lakhe ukuthatha isijejiso sakho. KwabaseRoma 5:8 liyasitshela ukuthi uNkulunkulu wasikhombisa ‘*uthando lwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.*’ Emva kwezinsuku ezintathu uJesu wavuka kwabafuleyo. Futhi abantu abaningi bambona.

Uma ukholwa ukuthi uJesu wakufela, futhi uma uvuma akuhlanze ezonweni zakho zonke, ashintshe impilo yakho, ungathandaza umcele akuthethelele. KwabaseRoma 10:13 lithi, “*Ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.*”

Abantu bafuna izindlela eziningi zokusondela kuJehova. Sithanda imindeni yethu, kodwa amadlozi ethu angeke asithethelele izono zethu. Labo abanawo amandla okugcina izimpilo zabo abakwazi ukusinika impilo engunaphakade. Bonke abantu abakhulu noma abancane badinga ukuziphendulela kuNkulunkulu. Noma isonto elifundisa iBhayibheli angeke likwazi ukususa izono zakho. UJesu kuphela ongakuthethelela. “*UJesu wathi kuye: Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami.*” (NgokukaJohane 14:6)

ABANTU BAYA NINI EZULWINI?

Uma wake wathandaza wamamukela uJesu njengoMsindisi wakho, uzoya ngqo ezulwini amva kokufa.

“Simi isibindi, singathanda kakhulu ukwahlukana nekhaya elisemzimbeni, sihlale ekhaya eliseNkosini.” (2 KwabaseKorinte 5:8) Asikho isikhathi sokulinda. Ngokushesha emva kokufa umphefumulo wakho uzoba sezulwini.

Uma ngabe ungakholelwa kuJesu ngenhliziyo yakho yonke, awukaze ucele uNkulunkulu ukulungisa impilo yakho uzoya ngqo esihogweni. Uma ngabe awukaze uphenduke ngokuvuma izono zakho kuNkulunkulu nokucela ukulunga kwakhe nentethelelo ungakwenza lokho manje.

Khuluma kuNkulunkulu ngomthandazo. Mtshela ukuthi uyazi ukuthi uyisoni. Uyakholwa ukuthi uJesu wafela izono zakho, futhi wavuka kwabafuleyo. Mcele ukuthi akusindise futhi akunike impilo entsha.

Uma ususithathile isinqumo sokuthemba uJesu Kristu emva kokufunda lencwajana, noma uma ufuna izifundo zeBhayibheli sicela usibhalele kuleli kheli:



FELLOWSHIP TRACT LEAGUE

P.O. BOX 164 • LEBANON, OH 45036

www.fellowshiptractleague.org © Tract 8719 (Zulu)

All tracts free as the Lord provides. Not to be sold.